



# INGEDE

May 2023  
Volume 26  
Number 2



## OKUQUKETHWE



### **ASISEBENZISANE NABELULEKI:-**

Ukuzisondeza nokusebenzisana kwaMnu. Lubisi nomeluleki wakhe kumongele imali kwaletsha impumelelo nenqubekela phambili (ikhasi 3-4).



### **HLONZA UMHLABATHI:-**

uDokotela Mdlambuzi esebenzisana nabeluleki ukusiza abalimi bakhethe uhlobo lomoba oluhambisana nomhlabathi (ikhasi 5-6).



**UHLELO LOMSEBENZI:-** Ukuqinisekisa ukulalelwa kwamava abalimi ngabeluleki kwenze abalimi base-Maidstone kanye nase-Darnall bathole izifundo eziqondene naloku abakudingayo (ikhasi 11).

### **ASIQAPHELE UMLILO:-**

Ukungalawuleki komlilo kungalahlekisa umlimi, akhelene nabo neMboni kaShukela uqobo (ikhasi 7-8).





# Umyalezo wabalimi: Asingapheli amandla

 **Ibhalwe: nguThulani Masondo (Umphathi wabeluleki bama-SSG nama-LRG)**

Ngibingelele bonke abalimi, ngiyathemba ukuthi sonke siyafunda noma sizwe ezindabeni ukuthi Imboni kaShukela inezinkinga ebhekene nazo. Ngicela konke sikushiyele kubaholi beMboni, asingalilahli ithemba konke kuzolunga. Okwethu wukuthi konke esikwenzayo sikwenze ngokulandela zabeluleki bethu kusukela ekulungisweni komhlabathi kuya ekuvuneni.

Imbewu esitshala ngayo makube egunyazwe abeThimba leZifo neziNambuzane nokuLawulwa kweziNhlolo zoMoba. Ukuthola imbewu ozotshala ngayo kuthatha iminyaka emibili. Unyaka wokuqala owokubonisana nomeluleki wakho ngohlobo lomoba ozolutshala. Uzobe esefika ensimini ofisa ukuyitshala abheke ukuthi ikulungele yini ukuthi utshale kuyo bese nibonisana ngohlobo lomoba oluvumelana nesimo sendawo yakho (lomsebenzi wenziwa kusukela ngoMbaso/April kuze kube wuNtulikazi/July). Uma esewenzile ama oda kubalimi ube esewasa kumlami ozokutshalela imbewu (imbewu uyitshala ngentwasahlobo kuze kube ihlobo), lokhu kwenzeka ngonyaka wokuqala. Bese ngonyaka wesibili ube usuthola imbewu yakho kusukela ngokuthwasa kwehlobo. Indawo osuke uzotshala kuyona kumele ingabi nomoba isikhathi esingangonyaka khona kungeke kube nezifo namavolontiya ensimini yakho. Ukuze kubekhona into umlimi ezomfakela imali siye sikhuthaze ukuthi umlimi atshale noma ngabe yini kodwa kungabi okusatshani njengomoba. Singakwazi ukutshala imifino, ukotini (kulabo abasezindaweni ezilungele ukutshala ukotini nezinesiqinisekiso semakethe) nezinye izitshalo ziningi.

Ukuze sikwazi ukwenza inzuzo asicobelelaneni ngolwazi oluzosisiza ukuqhubekisela phambili umsebenzi wethu wokulima ukuthi usenzele inzuzo. Kulezinyanga ezilandelayo nakhu okumele sikwenze:-

## **MBASA / APRIL**

- Njengoba kuvulwa umshini womoba noma itshe, qala ngokuhlala umoba olalile. Qala ngomoba ohlaselwe yisihlava.
- Landela ngamasimu azotshalwa kabusha.
- Qikelela ukuthi uhlahla umoba ovuthwe ngokwanele futhi omuhle njengoba ubuhle bomoba bubaluleke kakhulu.
- Hlahla umoba onoshukela ngesikhathi kuvulwa umshini noma umoba owuvuthwisile ngezivuthwisi zomoba.
- Hlela kahle ukunisela kwakho, unganiseli ngokweqile ukuze imishini ikwazi ukungena ensimini ikakhulukazi uma kade ufake izivuthwisi.
- Uma nje uqeda ukugawula thatha amasampula omhlabathi emasimini azovuselelwa khona uzothola izincomo zesikhuthazi okumele usisebenzise kusenesikhathi. Nasemasimini azotshalwa kabusha ukuze uthole ukuthi yimuphi umanyolo ozotshala nozokhuthaza ngawo.

- Thenga ukalika/umcako-wabalimi uma udingeka emasimini akho njengokusho kwezincomo zokuhlolwa komhlabathi.
- Uma amasimu ozowatshala ngentwasahlobo eba noqethu/inqonqodwana/isinandi wafuthe nge-glyphosate.
- **Kusonkontileka:** qinisekisa ukuthi abahlali bayaluthola **uqeqesho** lokuhlala umoba ngaphambi kokuba baqale ukuhlala. Imishini yakho kumele ibe isevisiwe, isesimweni sokusebenza.



## NHLABA / MAY

- Lungisa futhi ugcine isesimweni imigudu nemisele yamanzi emasimini.
- Qikelela ukuthi uyayilandela noma uyayihlonipha imithetho yokushiswa komoba.
- Thatha amasampula omhlabathi emasimini asehlahliwe ukuze uthole izincomo ngohlobo lwesikhuthazi nesibalo samasaka okumele uwafake.
- Qala uphendule/ulime amasimu ozowatshala ngentwasahlobo.
- Maphakathi nesifundazwe: hlola amasimu ukubheka umonakalo wesithwathwa.



## NHLANGULANA / JUNE

- Thenga umanyolo ozowusebenzisa ngokwezincomo zakwa-FAS bese wenza izinhlelo zokuwufaka.
- Lungisa amabhande avimba umlilo, ubabele amasimu.
- Phendula amasimu ozowatshala ngentwasahlobo.
- Maphakathi nezwe: hlola amasimu ukubheka umonakalo wesithwathwa.



## NTULIKAZI / JULY

- Qinisekisa ukuthi izigubhu zakho zokufaka uphoyizeni noma izibulala-khula nezokufaka umanyolo zisesimweni sokusebenza.
- Bulala ukhula lwasebusika.
- Thatha amasampula emasimini embewu ukuhlola isifo uMbasha (RSD).



## NCWABA / AUGUST

- Phinda ufuthe amasimu athandwa yisinandi/uqethu/inqonqodwane uma ubona lo khula luvela la obufuthe khona, ukuze uma usulima/uphendula ube nesiqiniseko sokuthi ulubulele.
- Yazisa lo okutshalele imbewu kusenesikhathi ukuthi imbewu yakho uzoyithatha nini ukuze naye akwazi ukuhlela yonke into kahle.
- Qhubeka nokubulala ukhula lwasebusika.
- Thatha amasampula emasimini embewu ukuhlola isifo uMbasha (RSD).
- Qala ukufaka isikhuthazi uma us'Ogwini.
- Uma sesidlulile isomiso izimvula zokuqala seziqalile nokushisa sekukhona, qala ukutshala. Lesi yisikhathi esisincoma kakhulu sokuqala ukutshala ngoba umoba otshalwe ngalesi sikhathi uyasimama, usheshe umboze, ukhule ngamandla nangokushesha ngoba uthola zonke izimvula nokushisa kwasehlobo.





# Ukubambisana komlimi nomeluleki wakwa- SASRI kube nemiphumela emihle

 **Ibhalwe: nguMboniseni Buthelezi (Umeluleki wabalimi)**



Ukusebenzisana kwameluleki uMboniseni Buthelezi ovela esiKhungweni sezoCwanningo ngoMoba (SASRI) nabalimi kuze nezithelo ezinhle kubalimi baseMpumalanga ikakhulukazi uMnumzane Thobani Lubisi waseMalelane eNgogolo. Lomlimi ophinde abe ngusihlalo weNgogolo Co-op, ungumlimi osebenza ngokuzikhandla nokuzimisela kulelibhizinisi. UMnu Lubisi unepulazi lomoba elingamahheka angamashumi amathathu (30ha).

Ngonyaka wezi-2021 ngoMandulo (September) uMnu. Lubisi wakuthakasela ukufika kwameluleki omusha ovela kwa-SASRI owayesezosebenza nabalimi abalima ngokuncane eMalelane naseKomati. UMnu. Lubisi wahlangana nomeluleki uButhelezi ukuzobonisa ngemiphumela yokuhlolwa kwemisoco yomhlabathi wamasimu akhe eyayivela kumnyango wakwa-SASRI obhekelela uKweluleka ngoManyolo (u-FAS). Ngokwezincimo zemiphumela yokuhlolwa komhlabathi evela kwa-FAS, amasimu kaMnu. Lubisi ayedinga umanyolo wamaqabunga u-Nitrogen (N), i-Urea (46%) engu-160kg/ha. UMnu. Lubisi ebonisa noMnu. Buthelezi kanye nososayensi womhlabathi uDr. Thandile Mdlambuzi bahlaziya ukuthi endaweni yaseNgogolo amazanga okushisa aphezulu kakhulu, kuyachelelwa, futhi makushisa umanyolo uhamuka ngokushesha uhambe nomoya babona kuncono bafake umanyolo obizwa nge-AMS (21%).

Ngaphambi kokufakwa kwamanyolo uMnu. Buthelezi wacela kuqalwe kuvukuzwe umhlabathi ngoba ebona ukuthi umhlabathi usugqinqeke kakhulu ngenxa yemishini ehamba phakathi ensimini uma kulayishwa umoba. Phambilini engakawuhloli umhlabathi uMnu. Lubisi ubefaka umanyolo okuyi 5.1.5 (36%) amasaka angamashumi amabili (20) ngehheka. Ngokwezincimo zemiphumela yomhlabathi ezibuya kwa-FAS bekunconywa ukuthi afake amasaka ayisithupha (6) ngehheka, kodwa ngenxa yezimo ezithile ugcine efaka amasaka ayishumi (10) ngehheka.

Kuwo wonke lomsebenzi omuhle akuzange kube lula bezikhona izingqinamba ahlangebezane nazo okubalwa kuzo; ukufa kwezinye zokunisela, ukucima kukagesi ngesikhathi sokunisela kanye namazinga okushisa aphezulu. Kuthe ihlumela selinezinyanga ezine (4) bathatha amasampula amaqabunga, ayohlolwa ukuthi umanyolo abebewufakile siwusebenzisile yini isitshalo. Imiphumela yakhombisa ukuthi siwusebenzise kahle kakhulu kangangoba asibange sisabakhona isidingo sokufaka isikhuthazi sangaphezulu kwaze kwafika isikhathi sokuhlala.

Kuthe uma esehlalile uMnu. Lubisi babheka imiphumela yesivuno ukuthi ihambe kanjani uma beqhathanisa unyaka wezi-2020/2021 nowezi-2021/2022, ngonyaka wezi-2022 isivuno sikhule ngamathani angaphezu kwamakhulu amabili (200) epulazini lonkana, ubushukela (RV%) bona baba amapheseni ayi-14.1.



Ngokulandela izincomo zamanyolo ezivela kwa-FAS uMnu Lubisi wonge imali ebalelwa ku-**R142 811.10** mesiqhathanisa ngokweminyaka emibili.

	<b>Unyaka 2020/21</b>	<b>Unyaka 2021/22</b>
<b>Ubungako bensimu</b>	30ha	30ha
<b>Uhlobo lukamanyolo</b>	5:1:5 (36%)	AMS (21%)
<b>Inani lamasaka</b>	20	10
<b>Intengo yesaka</b>	R 543.02	R 610.0
<b>Izindleko zamanyolo</b>	<b>R 325 811.10</b>	<b>R 183 000.00</b>
<b>Imali eyongekile</b>	<b>R 325 811.10 – R 183 000.00 = R 142 811.10</b>	

Ukusebenza ngokuzikhandla kukaMnu Lubisi, kwenze umphathi wabeluleki bakwa-TsGRO uMnu. Lucky Maseko kanye noSomnotho wakwa-SACGA eMpumalanga uMnu. Evans Mashego bamusize. Bamusizile uMnu. Lubisi ukuthi akwazi ukuqasha ipulazi elingamahheka angamashumi amahlanu (50) ukuze aqhubeke akhulise umkhqizo wakhe. Lelipulazi kumanje selitshalwe umoba amahheka angamashumi amathathu (30) enye ingxenywe yatshalwa imbewu egunyaziwe axhaswe ngayo abakwa-SACGA njengoxhaso lokulungiselela umthetho weMboni kaShukela ka-2023 omayelana nokusebenzisa imbewu ehloliwe yagunyazwa iThimba leZifo neziNambuzane nokuLawulwa kweziNhlobo zoMoba. Emahhekeni ayishumi nesishiyagalombili (18) utshale ukotini ukuphumuza insimu futhi nawo ukhula kahle kakhulu.



*uMnu. Lubisi eme ensimini yakhe yakotini nabeluleki bakhe*

Uma abalimi besondela futhi besebenzisana nabeluleki babo bathola ithuba lokusebenzisa izinsiza abanazo ngendlela baphinde bakhulise amabhizinisi abo. Kubalulekile ukuthi zonke izinhlobo ezisebenzela abalimi zisebenzisane ngoba ekugcineni sonke sinenhloso eyodwa okungukuthuthukisa abalimi bethu.



# Ukuthuthukisa ulwazi lwabeluleki ngokubaluleka kokuhlonza umhlabathi

 **Ibhalwe: nguThandile Mdlambuzi (usosayensi kwezemihlabathi)**

Enye yezinto ezibalulekile ekuphumeleleni kweMboni kaShukela ukusimama kwabalimi abalima ngokuncane (SSGs). Ukuze abalimi abalima ngokuncane bakhqize umoba oseqopheleni eliphezulu bebe bethola isivuno esiphezulu, kumele bahlinzekwe kancono ngamakhono futhi bathole nezeluleko kubeluleki. Kodwa, ukungabibikho kolwazi ngomhlabathi ezindaweni zabalimi abalima ngokuncane kuvimbela inhlalakahle yalabalimi. Lokhu kubuye kwenze kube nzima ukuthi abeluleki banike abalimi izeluleko eziqinisekisiwe neziqondile kwezolimo.


IsiKhungo sezoCwaningo ngoMoba (SASRI) sisungule uhlelo ngenhloso yokunika abeluleki babalimi abalima ngokuncane ulwazi ngokuhlonza umhlabathi ukuze bakwazi ukulinganisa amandla okukhqiqa kwalowo mhlabathi ezindaweni zabalimi. Lolu lwazi ngemihlabathi luzogcinwa kwakhiwe isizindalwazi sokuqala sabalimi abalima ngokuncane ngokwezifundamshini. Okubaluleke kakhulu, loluhlelo luhlose ukusiza abeluleki ngokuthuthukisa indlela abathatha ngayo izinqumo uma besiza abalimi.

Umqondisi waloluhlelo uDokotela Thandile Mdlambuzi ongososayensi ngezemihlabathi futhi uzohambela zonke izifundamshini zaKwaZulu Natali nase Mpumalanga. NgoMbaso (April) ku-2021, loluhlelo lwaqala kwahlonzwa umhlabathi kwisifunda sase-Noordsberg esigodini saseMabheleni. Ngonyaka olandelayo (2022), kwahlonzwa eNkosazane naseMacekane Empangeni okuyizigodi ezingaphansi kwesifunda sase-Felixton. Kulonyaka esikuwo (2023) kuzohlonzwa e-North Coast kanye nase-Midlands South. Izifunda zase Amatikulu, Zululand North kanye neMpumalanga zizohlonzwa ngo-2024 kuya ku-2026.

## Ezinye zezindawo esezihlonziwe:

### Isigodi saseMabheleni

EMabheleni kwaqalwa ukuhlonzwa ngoNhlangulana (June) kunyaka wezi-2021 kwaqedwa ngoMasingana (January) kunyaka wezi-2022. Abalimi baseMabheleni balima emhlabathini emihle kakhulu eNingizimu Afrika. Lendawo inezinhlobo ezinhlanu zomhlabathi ezitholakala kakhulu okuyi-Sweetwater, Kranskop, Inanda, Nomanci kanye neMagwa. Lezi zinhlobo zomhlabathi zijulile, ukujula kwazo kungafinyelela emamitheni angu-1.2 (Isithombe 1).



**Isithombe 1: Izinhlobo zomhlabathi otholakale eMabheleni**

Nakuba umhlabathi ujulile, unobumba oluningi futhi uvundile, iningi labalimi kulendawo ithola isivuno esibalelwa kumathani angama-75 ngehheka bebe behlahla emva kweminyaka emibili. Lesivuno singaphansi impela kunaleso esingatholakala kwizinhlobo zomhlabathi ovundile. Abalimi

bakulesifunda basakhetha ukutshala uhlobo lomoba u-N12 ngenxa yamahlumela eliba nawo; kodwa, izinhlobo zomoba ezintsha ezikhqiqa isivuno esiphezulu zingatshalwa kulemihlabathi ejulile ukukhuphula isivuno nenzuzo. Ukungatholakali kwembewu kalula enye yezingqinamba abalimi bakulendawo ababhekene nayo. Okunye okungaqhakanjiswa kulendawo, ukuthi sekunentsha nabalimi abasha asebenzene emkhakheni wezolimo nokutshala umoba.




**Isithombe 2: Izinxoxo phakathi kwabalimi, abeluleki kanye nososayensi**

### Isigodi saseNkosazane

Esigodini saseNkosazane kwaqalwa ukuhlonzwa ngoNhlangulana (June) ngonyaka wezi-2022 kwaqedwa ngoMandulo (September) ngawo u-2022. Kwatholakala ukuthi umhlabathi wasesigodini saseNkosazane uhlukele kunalowo owatholakala eMabheleni. Iningi lomhlabathi owahlonzwa wawungena ngaphansi kwezinhlobo zomhlabathi eziyisikhombisa okwakungu-Oakland, Hutton, Tukulu, Glenrosa, Clovelly, Bonheim kanye ne-Namib (Isithombe 3). Loluhlobo lomhlabathi lungajula lufinyelela kumamitha abalelwa ku-0.8.





**Isithombe 3: Izinhlalo zomhlalathi otholalale eNkosazane**

Ngokujwayelekile, lezinhlalo zomhlalathi zihle ekukhiqizeni umoba; kodwa abalimi kumele bakwazi ukuziphatha ngendlela ukuze banyuse isivuno. Abalimi endaweni bathola isivuno esibalelwa kumathani angama-45 ngehheka bebe behlahla emva konyaka owodwa. NjengaseMabheleni, izinhlalo zomoba ezintsha ezikhiqiza isivuno esiphezulu zingatshalwa kulemihlabathi ejulile ukukhuphula isivuno nenzuzo. Umangabe abalimi bengafaka isikhuthazi basebenzise nezibulala-khula ngendlela, isivuno esiphezulu bangasithola kalula.




**Isithombe 4: uDokotela Mdlambuzi ehlonza umhlalathi nabalimi nabeluleki baseNkosazane**

### Isigodi saseMacekane

Esigodini saseMacekane ukuhlonzwa komhlalathi kwaqala ngoMfumfu (October) kunyaka wezi-2022 kwaqedwa ngonyaka olandelayo (2023) ngoNhlolanja (February). Uhlobo lomhlalathi olutholalala kakhulu

kulendawo yi-Glenrosa, Oakleaf kanye neTukulu (Isithombe 5).



**Isithombe 5: Izinhlalo zomhlalathi otholalale eMacekane**

Abalimi abaningi kulendawo basakhetha ukutshala izinhlalo ezindala zomoba njengo-N27, ngisho nasezindaweni lapho izinhlalo ezintsha zomoba zingenza kahle khona. Emhlabathini okungakhula kahle kakhulu umoba, kuyanconywa ukuthi utshale izinhlalo zomoba ezikhiqiza isivuno esikhulu emhlabathini ojulile (Oakleaf neTukulu). Abalimi endaweni bathola isivuno esibalelwa kumathani angama-35 ngehheka bebe behlahla emva konyaka owodwa. Abanye balabalimi abakholelwa ekuthatheni amasampula omhlalathi ukuze bazi imisoco esemhlabathini, bathanda ukufutha izibulala-khula kunokufaka umanyolo. Lokhu kudlala indima enkulu esivunweni esincane esitholalala endaweni. Labalimi kumele bafundiswe ngokubaluleka kokuthatha amasampula ukuze bazi imisoco kanye nokufaka umanyolo emasimini usebenzisa izincomo eziphuma eSikhungweni sezoCwaningo ngoMoba.



**Isithombe 6: Abalimi baseMacekane bexoxisana nososayensi emasimini**

Abalimi abalima ngokuncane kumele baqonde ukubaluleka bokukhetha uhlobo lomoba oluhambisana nohlobo lomhlalathi wabo. Ukungabi nolwazi ngalokhu kungathikameza isivuno kanye nemali umlimi angayithola iminyaka eminingi. Kubalulekile ukwazi ukuthi ukufaka umanyolo ikakhulukazi isikhuthazi sangaphezulu kusekelwa isilinganiso sesivuno ongasithola, ngakho ke abalimi kumele bafundiswe ekwazeni isivuno abangasithola emhlabathini abanawo ukuze benze izilinganiso eziyizo zesivuno.

Abalimi abaningi abalima ngokuncane abawathathi amasampula omhlalathi ukuze bazi imisoco esemhlabathini, futhi lokhu kwehlisa nesivuno sabo. Ukuthatha amasampula omhlalathi kubaluleke kakhulu ukuze uphathe kahle imisoco esemhlabathini. Izingqomo zokufaka nokungawufaki umanyolo ubheka izidingo zesitshalo kunomthelela omkhulu esivunweni esitholwa yilabalimi. Abalimi kumele bafundiswe indlela yokufunda baphinde balandele izincomo ngomanyolo, ukukhetha uhlobo lomoba ubheka umhlalathi wakho kanye nokufutha izibulala-khula ngendlela. Ezinye zezinkinga ezibonakele ngenkathi kwenziwa lenhlobo ezigodini zontathu zizobhekisiswa olunye ucwaningo olubhekelela abalimi abalima ngokuncane olwenziwa esikhungweni (SASRI) kwizifundamshini ezahlukene.





**Qaphela**

# UKUVIKELWA KWEMILILLO



**Ibhalwe: nguThulani Masondo (Umphathi wabeluleki bama-SSG kanye nama-IRG)  
kanye no-Tony Roberts (Isikhulu sokuvikela nokulwa nomlilo Ogwini oluseNyakatho)**

Ukuvikelwa kwemililo ezindaweni zezolimo kusemqoka ngoba uvimbela ukuhlukumezeka kwesimo sempilo yomphakathi, uvikela izitshalo kanye neziMboni zezolimo. Isikhathi esiningi izinhlangano zezemililo ezindaweni zabalimi ziye zenze imithetho nenqubomgomo yokuphathwa nokuvikelwa kwemililo.

Wonke umphakathi nabanikazi bemihlaba KwaZulu-Natal naseMpumalanga kumele babuswe noma balandele umthetho kaHulumeni wenqubomgomo ophathelene nokuphathwa kanye nokucinywa kwemililo. Lemithetho itholakala emthethweni obizwa ngokuthi i-National Veld and Forest Fire Act 101 of 1998.

Lomthetho uxuba izinto eziningi ezimayelana nomthetho maqondana nokuphathwa kwemililo ngenhloso yokululeka abanikazi bemihlaba kanye nabantu abahlangana nokusetshenziswa komlilo ukuze babenesithombe sokuthi umlilo usetshenziswa kanjani. Noma ngabe ubani osebenzisa umlilo uma kunento angayiqondi mayelana nomlilo uyacelwa ukuthi afune ulwazi kwabanye abantu abangakwazi ukuthi bamsize.

Umphakathi ungakwazi ukuthi unciphise ubungozi bemililo emphakathini ngokuthi uhloniphe imithetho nemigomo elawula imililo. Ngezansi ezinye zezinto ezingenziwa ukunciphisa amathuba omonakalo odalwa umlilo ikakhulukazi emasimini:-

## Okuqala

Hlela ukugwema umlilo nokuwuvikela, vikela yonke into esimeni sokuthi ilinyazwe umlilo. Bonke abantu banelungelo lokuvikeleka emililweni. Abanikazi bemihlaba bona kumele babe nesiqiniseko sokuthi bonke abantu abahlala emapulazini, izisebenzi kanye nabavakashile bavikelekile emlilweni. Abasebenzi kumele baqeqeshwe ngokumele bakwenze uma behlangabezana nomlilo. Kumele kube nokuxhumana kanye nokusebenzisana nomakhelwane ukuze kube lula ukusebenzisana uma kunemililo engalawuleki kalula. Abanikazi bemihlaba bayalulekwa ukuthi ababe nohlelo lokulwa nomlilo oluzokwenza ukuthi umlilo ungalimazi amasimu noma uma umlilo ungenile kubelula ukuwucima.

## Okwesibili

Akube nezinhlelo zokuvikela umlilo ongahlelelwe kanye nomlilo osuke ushiswe ngenhloso. Wonke umuntu uphoqelekile ukuthi anciphise ubungozi bokususa umlilo ongahlelelwe ngokusebenzisa imishini, izimoto noma imiphi imishini engase idale ukuba khona komlilo ongahlelelwe.

Abanikazi bemihlaba bayalulekwa ukuthi baqaphe ubungozi bomlilo ngaphambi kokuthi bahlahle izitshalo zabo. Bagweme ukusebenzise ama-grinder ngendlela engeyiyo noma bashisele, basike utshani ezitubheni, bangashayeli izimoto noma bagibele izithuthuthu otshanini obomile ikakhulukazi ngezinkathi lapho umlilo wequbula uqala kalula. Lapho izintambo zikagesi zihamba phezu kwamasimu noma kwamadlelo azihlolwe ukuthi zisesimeni ukuze zingaqali umlilo.

## Okwesithathu

Nciphisa ukuqala kwemililo engahleliwe ngezikhathi zobungozi bemililo. Abanikazi bemihlaba banomthwalo wokucima umlilo osuke usha emhlabeni wabo nanokubika umlilo abawubona ukuthi uzobehlula ukuwucima. Noma ngabe ubani obona umlilo usha ngesikhathi semililo yequbula kumele abike lowo mlilo emnyangweni obhekene nemililo kuleyo ndawo ngokushesha. Abanikazi bemihlaba kumele benze amabhande (fire breaks) njengoba kusho umthetho wezokulawulwa kwemililo. Noma ngabe ubani osebenzisa imishini ezindaweni ezisemakhaya kumele abe sesimeni sokuba nento yokulwa nomlilo uma kungenzeka uqubuke.

## Okwesine

Kumele kube lula ukufinyelela ezintweni zokucima umlilo kanye nasemanzini okucima umlilo. Abanikazi bemihlaba baphoqelekile ukuthi benze kube lula ukungena ezindaweni zabo nalapho kutholakala khona amanzi uma kunenkinga yomlilo. Futhi, bayacelwa ukuthi bajoyine izinhlangano zokuvikela nezilwa nemililo ezindaweni zabo.





# LO NGENKATHI YASEBUSIKA

## Lezi zinto ezilandelayo zisemqoka ekulweni nomlilo:

- Ama bakkie sakkies la abelethwa yizimoto epulazini (Bakkie Sakkies)
- Izifutho zokufutha umlilo ngamanzi (Knapsack Sprayers)
- Izinduku zokucima umlilo (Beaters)
- Amageja angamahhala (Rakehoes)
- Ama-Drip Torches
- Ithangi lokucima umlilo elidonswa ugandaganda noma imoto (Tractor or bakkie drawn trailer tank)



Izicimam'lilo ziphethe izinduku zokucima umlilo

## OKUMELE NIKUQIKELELE BALIMI:

1. Iba nesiqiniseko sokuthi unawo umshwalense womlilo.
2. Qinisekisa ukuthi unazo zonke izinto zokulwa nomlilo epulazini lakho.
3. Yazi izinombolo zama-Fire Cells esigcemeni sakho nanokuthi obani osebenzisana nabo endaweni yakho.
4. Kumele wenze amabhande amasimu (njengoba kusho umthetho wezokulawulwa kwemililo).



# Ukunakekelwa kwamasimu emva kokuhlahla

 **Ibhalwe: nguSifiso Hlela (Umeluleki wabalimi)**



Sisenkathini lapho umlimi kumele ahlomule ngomoba wakhe awunakekele izinyanga eziyishumi nambili nangaphezulu Ogwini, Maphakathi nezwe izinyanga eziyishumi nesishiyagalombili kuya kwiminyaka emibili. Qikelela mlimi ukuthi emva kokuthi umoba usuphumile ensimini konke kwenzeka ngokulandela izindlela ezizokhipha ihlumela elinenzuzo.

Okukuqala emva kokuhlahla thatha isampula lomhlabathi ukuze uthole izincomo zesikhuthazi ozosifaka nesibalo samasaka okumele afakwe. Isikhuthazi sifakwa emva kwamaviki ayishuminambili uhlahlile (izinyanga ezintathu) noma uma umoba ungameqi ngale kwedolo. Ungafaki umanyolo omncane kunalowo odingekayo ngoba lokho kunciphisa isivuno bese kwehla inzuzo. Uma ufaka umanyolo ongaphezulu kwesikali esinconyiwe, usuke umosha imali futhi wandise ubumuncu emhlabathini, bese kwehla isivuno kanye nenzuzo.

Hlakula ukhula oludlebelekile njengo babe nomthithimbili osequhakazile noma uqadolo oselunezimbali obekukade kumbozwe umoba. Uhlakaze upayi lumboze insimu yonke ngokulingana. Lokhu kuzokusiza ekucindezeleni ukhula kuvunde kuphinde kuvimbele ukuguguleka komhlabathi konge nomswakamo. Futha ngezibulala-khula ezicindezele imbewu yokhula ingaqhumi. Esikhathini esiningi izibulala-khula zicindezela imbewu yokhula amasonto ayishumi nangaphezulu uma uzifuthe kahle ngendlela efanele. **Okubalulekile;** kumele umhlabathi ube nomswakama ukuze zikwazi ukuba zingene emhlabathini zicindezele imbewu. Kumele usebenzise amanzi ahlanzekile ongakwazi ukuwaphuza. Amanzi angcolile akhinyabeza umfutho wokusebenza kwezibulala-khula.







### Abasebenzi bethatha amasampula omhlabathi behlakula nokhula oludlebelekile

Ngokulandela lezincomo insimu ingahlala ihlanzekile amasonto alishumi noma ngaphezulu kuye ngengxube oyikhethile okusho ukuthi uyodinga ukubuyela nesibulala-khula emva kwamasonto abekiwe ngokwengxube oyikhethile.

- **Ezindaweni zasenyakatho eziniselayo** kumele kuniselwe bese kufuthwa izibulala-khula.
- **Ogwini** uma zikhona izimvula ungalulawula ukhula ngezibulala-khula kodwa uma lomise vele nokhula angeke luqhume ungalinda kuze kufike izimvula.
- **Maphakathi nesifundazwe** ungalakaza upayi bese ulinda izimvula zokuqala ukuze ukwazi ukulawula ukhula ngezibulala-khula.

### Ezokuphepha

- Sebenzisa abantu abaqeqeshiwe ukuchela izibulala-khula.
- Abafuthayo kumele babenezambatho ezifanele.
- Xuba izibulala-khula ezizosebenze ngalolo suku ziphele (umeluleki wakho angakulekelela ngendlela okumele uyilandele uma uxuba imithi).
- Izibulala-khula ziyingozi kakhulu uma zingasetshensiswa ngendlela, uma kunomoya ovunguzayo noma kunetha ungasafuthi.
- Izigubhu zemithi ungaziwasheli emifuleni noma emadanyini, futhi ungalokothi uzisebenzise ukufaka amanzi asetshensiswa ekhaya (okuphuza, ukupheka, ukuwasha nokugeza).
- Izigubhu ebezinesibulala-khula kumele zihlanzwe emva kokufutha ziqgojowze (wenzela ukuthi umuthi ungalhali ezigujini esezisebenzile) noma zibuyiselwe kubadayisi bezibulala-khula.



# Ukwenza uhlelo lomsebenzi ngokwezidingo zabalimi ukuze kwande umkhiqizo nenzuzo

 **Ibhalwe: ngu-William Gillespie (Umeluleki wabalimu)**

Abalimi abafakela umoba esigayweni sase-Darnall kanye nase-Maidstone baxubile, kukhona abalima izindawo ezinkulu mesekuba abalima izindawo ezincane. Labalimi abakhiqizi isivuno esiphezulu kakhulu ngenxa yokuba nolwazi oluncane ngezinhlobo ezintsha zomoba. Uhlelo lwendlela yokusebenza kwabeluleki eqondene ngqo nalabalimi lwasungulwa ngonyaka wezi-2022 kuHlanganyele abeluleki basesigayweni (Thongathi Hullett) kanye nabalimi. Inhloso yaloluhelelo kwaku: **ukudlulisela amakhono ngokulima, ukusungula insimu yembewu, ukwazi isivuno esingatholakala endaweni kanye nokukhombisa inzuzo kwezomnotho ngokukhetha uhlobo lomoba oluyilo.** Kulendawo kunabalimi ababalelwa ema-397 abalima amahheka ezi-3 080, kulamasimu kwahlahlwa umoba ongamahheka

ayizi-2 872. Amathani abalelwa kwizi-153 426 omoba athunyelwa esigayweni sase-Maidstone. Isiyonke indawo okusangalinywa kuyo umoba ingamahheka ayi-1 240.

## Okuzuziwe endaweni:-

- Kwakuhlelwe izinsuku zabalimi eziyishumi nanye (11) kwagcina kwenziwe eziyishumi nesithupha (16).
- Kwafika u-Urban Econ ezokwenza inhlobo.
- Kwenziwa usuku lokuvuselela ulwazi ngezilinganiso lwabeluleki ensimini yomlimi.
- Kuyo yonke lemihlangano kwaphumelela abalimi ababalelwa ema-272.

## Imiphumela yamasimu ayizibonelo zesivuno esingatholakala endaweni

Indawo: Upper Tongaat	Uhlobo lomhlabathi: Glenrosa	Isilinganiso sesivuno: 150 amathani ngehheka	Uhlobo lomoba: N58	Isivuno: 67 amathani ngehheka	Ubushukela (RV%): 11.1	Umholo: R40 049.00
			Uhlobo lomoba: N59	Isivuno: 75 amathani ngehheka	Ubushukela (RV%): 13.5	Umholo: R54 500.00

Indawo: Nonoti	Uhlobo lomhlabathi: Glenrosa	Isilinganiso sesivuno: 80 amathani ngehheka	Uhlobo lomoba: N55	Isivuno: 75 amathani ngehheka	Ubushukela (RV%): 12.3	Umholo: R48 890.00
			Uhlobo lomoba: N59	Isivuno: 83 amathani ngehheka	Ubushukela (RV%): 14.2	Umholo: R56 190.00

Indawo: Greylands	Uhlobo lomhlabathi: Glenrosa	Isilinganiso sesivuno: 90 amathani ngehheka	Uhlobo lomoba: N55	Isivuno: 52 amathani ngehheka	Ubushukela (RV%): 11.3	Umholo: R33 649.00
			Uhlobo lomoba: N59	Isivuno: 65 amathani ngehheka	Ubushukela (RV%): 11.85	Umholo: R44 042.00

Lamasimu ayizibonelo akhombise ukuthi isilinganiso sesivuno esingamathani angama-69 ngehheka singatholakala. Kungaqhutshekwa kwandiswe ngamathani ayi-19 ngehheka uma umlimi enezinsiza kusebenza. Isilinganiso sobushukela ngonyaka wezi-2022 kube amaphesenti ayi-11.43, besekwathi inani lokukhokheleka ngobushukela libe-R5 859.38. Ngokwemiphumela yamasimu ezibonelo zontathu kwaqinisekiswa ukuthi imali engenayo elahlekayo ngenxa yesivuno esiphansi endaweni etshaliwe ibalelwa kwizigidi ezingu-R30.7, okuyimali abalimi besebenzisana nabeluleki okumele bazame ukuthi ingasalahleki. Lokhu kungenzeka uma abalimi bethola baphinde batshale imbewu esesimeni, batshale izinhlobo zomoba ezihambelana nemihlabathi yabo futhi bathole uqeqesho ngokwezolimo njalo njalo. Ukubambisana kwazo zonke izinhlobo kuzoqinisekisa ukusimama, ukuthuthukiswa kanye nenzuzo kubalimi neMboni yonkana.

## ABADIDIYELI

Thulani Masondo, Sifiso Hlela, Bulela Phoswa, Khanyisile Buthelezi, Nqobile Nxumalo no Wayne Mthembu (Umhleli)

Ikhishwa kathathu ngonyaka; January, May nango-September

Imibono nemibuzo: Nqobile Nxumalo: 031 508 7511 Email: Nqobile.Nxumalo@sugar.org.za

11

Thola ama-video amafishane amayelana nomoba ngo-WhatsApp (Kumeluleki) naku-YouTube (SASRI)

